**AMAZWI ENDUDUZO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMNGCWABO KAMNUZ MFANISENI DUMA WASE THEKWINI NGOMGQIBELO, 30 JULY 2011.**

Ngiyanibingelela nonke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Mangiqale ngokubonga ukuthi egameni loMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kanye koHulumeni wonke waKwaZulu-Natal sikwazi ukuba yingxenye yale nkonzo yomngcwabo womfwethu uMfaniseni Duma ngoba ukusishiya kwakhe kusiphathe kabuhlungu sonke.

Siyazi-ke ukuthi uma kwenzeke into enjengalena siyaye siduduze amalungu omndeni, kodwa iqiniso ngukuthi kuwona amalungu omndeni okwenzekile kuyisilonda esingeke siphole. Lokho kwenza singakwazi ukuba namazwi enele ukuba sivale isikhala salowo osishiyile.

Kodwa nakuba kunjalo, sithe masivele ngoba udaba lukaMnuz Duma lusithinte kakhulu ngenkathi sithola ukuthi ulahlekelwe yimpilo yakhe esemizamweni yokusiza ekulweni nobugebengu.

Ngakho-ke kumele sikuthathe njengeshwa elikhulu ukuthi silahlekelwe ngabantu abafana nomfwethu uDuma ngesikhathi uHulumeni wethu ephume umkhankaso wokulwa nobugebengu futhi egqugquzela abantu ukuba babambe iqhaza ekunqandeni ubugebengu ezindaweni esihlala kuzona.

Kuyishwa ukuthi abantu abanjena baphelele ezandleni zezigebengu endaweni enjengalapha eMlazi esadinga abantu abanesibindi ukuze ikhucululwe ubugebengu. Sonke siayazi ukuthi uMlazi udume kanjani ngobugebengu. Ngisho nezibalo zobugebengu ezikhishwa kuzwelonke zikhomba uMlazi njengesizinda sokudunwa kwezimoto nokubanjwa kwenkunzi.
Kodwa-ke okumele sikucacise namhlanje ngukuthi nakuba sikhala ngokulahlekelwa ngumfowethu futhi sikhalisana nomndeni, kodwa ukusishiya kwakhe kumele kusiqinise kakhulu kunakuqala singavumeli ukusatshiswa noma okwaluphi uhlobo lobugebengu. UDuma singamfanisa nesosha eliwile thina osekumele sicoshe umkhonto siqhubekele phambili nempi.

Sizwile-ke futhi ukuthi nomsolwa kulesi senzo ugcine amaphoyisa emtholile kodwa wazitshela ukuthi uzokuba ngangawo kanti akabuzanga elangeni, amthela othulini. Sibe sesiwabonga-ke amaphoyisa ngokuphendula ngokushesha kulesi sigameko.

NjengoHulumeni sihlale sisho ukuthi akekho esihambisana nokuthi makabulawe ngoba siyazi nesigebengu emndenini waso kusuke sekunengcindezi yokuthi kumele bangcwabe umuntu wabo mhlambe abebengahlangene nemisebenzi yakhe emibi esaphila. Kodwa futhi siyakugcizelela ukuthi alikho iphoyisa okumele libulawe yisigebengu kade linendlela yokuzivekela.

Ngakho-ke esithanda ukukudlulisa nje lapha ngukuthi njengomphakathi masiqinisekise ukuthi asihlali nezigebengu ezindlini. Masihlukane nokudumisa izigebengu uma zifika nemali nezinye izinto zokwebiwa sithi omadlisa.

Kumele wazi ukuthi uma usifihla isigebengu ngelinye ilanga kuyokhala wena sesikujikela bese uthi uHulumeni akenzi lutho ukukuvikela. Enye inkinga futhi ngukuthi abantu abafuni ukuzofakaza ezinkantolo bese izinswelaboya ziyadedelwa kujike kuthiwe umthetho noma amaphoyisa awasebenzi lutho.

Masisebenzise izinhlaka zethu ezisemthethweni zokulwa nobugebengu njengama-CPF. Uma kunenkinga ngokusebenza kwazo sibike eMnyangweni kaHulumeni obhekene nokuphepha owaziwa ngowozokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, ukuze kulungiswe lokho.

Mangithathe leli thuba ngiphinde ngithi egameni likaHulumeni wesifundazwe kubangani nezihlobo zikamfowethu uDuma akwehlanga lungehli.  Abafana noDuma ababaningi.  Kuthina uDuma uyiqhawe lomzabalazo wokulwa nobugebengu nobubha – akwenzile asoze nanini futhi sikukhohlwe ngoba kuyisibonelo sokuthi umuntu uwumuntu ngabantu, okubi okwenzeka kuwena kusuke kwenzeka kumina futhi ngoba kusasa kungami.

**Ngiyabonga.**